NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2020

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA II
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: amahora ama-3 Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-6. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Qala isiqephu nesiqephu ekhasini elisha. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
3. Bhala izinombolo zemibuzo zihambisane nezisephepheni lokuhlolwa.
4. Fundisisa imibuzo ngaphambi kokuphendula.
5. Bhala ngesandla esifundekayo, uhlele ngobunono umsebenzi wakho.

IEB Copyright © 2020

ISIQEPHU A IMIBHALO

Phendula Umbuzo 1 NOMA Umbuzo 2.

***ESITHANGAMINI SEZETHAMELI*: P. B. Maphumulo no-A. M. Maphumulo**

QAPHELA: Phendula umbuzo OWODWA kwelandelayo.

Bhala **i-eseyi** ezoba izigaba ezine kuya kwezinhlanu amagama abe phakathi kwangama **300–350**.

Nakhu okubalulekile ukuze uthole umklomelo omuhle:

- Hlela i-eseyi njengoba uyalelwe.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Impendulo yakho ayikhombise ulwazi olunzulu lwendaba.
- Impendulo yakho ayibhalwe ngesiZulu esihle.

UMBUZO 1

Funda isiqephu esicashunwe emdlalweni **Bagcotshwe … Bengagcotshwa?** bese ubhala i-eseyi elandelayo.

[<https://www.google.co.za/url>]

UMPRISTI: (ngezwi elisheshayo) Njengoba abefundisi bashintshwa njalo ukuba bayoba abefundisi kwamanye amasekethe, indoda iyokumela yini ukuba idamane ishiya umsebenzi ilandelana nenkosikazi ewumfundisi? Ngubani kanti ogane omunye?

UBHISHOBHI: (*ukhuluma sakuwabala amazwi*) Kudingeka indoda isibekezelele isimo, ihambisane futhi ibambisane nalokho okwenziwa inkosikazi yayo.

UMPRISTI: (*ukhuluma aqokothise*) Izwi likaJehova alihambisani nezimodeni nemfundo, yingakho uJehova wayezifundisela. UJehova wazifundisela abaholi abafana noMosi noPawula. Nabo abakaze bagcobe abefundisi besifazane.

UBHISHOBHI: (*uhleka sengathi akathandi*) Uma abesifazane singabafuni ukuba babe abefundisikazi, kusho ukuthi iBandla lisaqhuba inqubo lena enyanyekayo yobandlululo.

[Ikhasi 111]

IEB Copyright © 2020

UBhishobhi **ungummeleli** obhekene nezimbangi ezingafuni ukuba kugcotshwe abefundisi besifazane babe ngabefundisikazi.

Bhala i-eseyi uveze ukuthi izimbangi zilwa kanjani ukuphumelelisa lo mbono wazo.

Empendulweni yakho ungaveza lokhu:

- Amaphuzu ezigqamisa ngawo indikimba yobuKristu.
- Ukusetshenziswa kwamasiko emdlalweni nokubukela phansi amalungelo abesifazane okucindezela abesifazane ukuze bangagcotshwa.
- UBhishobhi neDikoni 1 bawuvikela kanjani umbono wabo.
- Umphumela walo mdonsiswano.

[30]

NOMA

UMBUZO 2

Funda isiqeshana esilandelayo esicashunwe emdlalweni **UMHLOLI** bese ubhala i-eseyi elandelayo.

SIBISI: (*uhleka sengathi akathandi*) Mina Ngcolosi angisiyena umhloli kepha ngingumseshi. Ngithunywe uMnyango weMfundo ukuba ngizokubopha. (*usho ekhipha ozankosi*)

BHENGU: (*uthukile)* Uzongibophelani? Yimina yini engathumela izipoki kulesi sikole ukuba zizohlupha?

SIBISI: Kuthiwa unothisha abayizipoki kulesi sikole. Laba othisha abangekho kodwa abaholelwayo kulesi sikole. Kuthiwa amasheke othisha mbumbulu akheshwa nguwe, imali ingene ezikhwameni zakho. Umnyango wemfundo unabo bonke ubufakazi balokhu. Yizona-ke lezi zipoki ebengikhuluma ngazo. Mina-ke Bhovungane ngiyi-*Ghostbuster*. Woza sihambe uyoziphendulela phambili. (uyahleka, umgaxa ozankosi)

[ikhasi 127]

Isiphetho somdlalo ongenhla **siyingwijikhwebu**.

Bhala i-eseyi engamagama angama-**300 kuya kwangama-350** usekele lo mbono ongenhla.

Bhekisa kokungezansi:

- Kungani lesi siphetho sisichaza njengesiyingwijikhwebu.
- Indlela uSibisi alokhu ephendula ngayo uBhengu endabeni.
- Icebo likaBhengu lokufihla inkohlakalo yakhe.

[30]

IEB Copyright © 2020

Phendula Umbuzo 3 NOMA Umbuzo 4.

***AMAGEMFE*: M. Hlengwa, L. Mathenjwa, T. Qwabe**

Khetha umbuzo OWODWA ubhale **i-eseyi** ezoba phakathi kwamagama angama-**300** kuya kwangama-**350**. Impendulo ayihlelwe ibe yizigaba ezine kuya kwezinhlanu.

QAPHELA:

- Hlela i-eseyi njengoba uyaleliwe.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Impendulo yakho ayikhombise ulwazi olunzulu lwendaba.
- Impendulo yakho ayibhalwe ngesiZulu esihle.

UMBUZO 3

Amanzi amnyama

Inhliziyo Yomthakathi

Fundisisa amazwi angezansi acashuniwe ezindabeni ezimbili ezingenhla.

UMaZwane ubona kahle ukuthi uma eyekelela uzosweleka umntwana. Kufanele azame ngawo wonke amandla anawo ukubonisa umyeni wakhe.

[ikhasi 32]

Umthandela sona lesi sibindi. Kodwa hhayi isibindi sokubulala. Umthandela isibindi sokwakha.

[ikhasi 39]

Amazwi angenhla asikhombisa ukuthi umuntu wesifazane angawakha noma awubhidlize umuzi wakhe.

Bhala i-eseyi uhlaziye lawa mazwi angenhla ubhekise ngendlela **abalingiswa besifazane** abasezindabeni ezimbili ezibhalwe ngenhla abenza ngayo izinto.

Impendulo yakho ayibhekise kulokhu nakokunye:

- Bachaze ukuthi 'abesifazane' bangabantu abanjani.
- Indlela abalwa ngayo bengaphonsi ithawula uma kunenkinga okumele bayixazulule.
- Indlela abayeni babo abaziphatha ngayo uma bengaphansi kwengcindezi.
- Imiphumela yokuphikelela kwabo.

[30]

NOMA

IEB Copyright © 2020

UMBUZO 4

Usuku Lwamanqamu

IsiZulu sithi **'Akulahlwa mbeleko ngakufelwa'**.

Bhala i-eseyi ufakazele lawa mazwi angenhla uwabhekise kuXola Khumalo endabeni ethi: ***Usuku Lwamanqamu***.

Impendulo yakho ayibhekise kulokhu phakathi kokunye:

- Sisho ukuthini lesi saga.
- Sihlangana kanjani lesi saga esingenhla noXola.
- Izigameko zokufa eziloku zimlandele.
- Izinhlelo zokufeza kwakhe isifiso sakhe esikhulu.
- Siyafezeka yini lesi sifiso noma cha.

[30]

Amamaki angama-60

IEB Copyright © 2020

ISIQEPHU B UKUBHALELA IZIMO EZITHILE

Uzothola imiklomelo emihle uma ulandela imigomo:

- Isakhiwo esihle sombhalo.
- Ulimi oluhle nolunothe ngezimo zokukhuluma.
- Ingqikithi ekhombisa ulwazi lombhalo nokuziqambela.
- Irejista, ithoni nesitayela okufanele.

UMBUZO 5

Bhala ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.

Umakhelwane wesikole sakho uvule ithaveni eyingqayizivele kubantu bendawo. Senikhononde kaningi kuthishanhloko ngezinkinga ezibangwa yile thaveni entsha. Wena njengomholi wabafundi, **bhala indababambiko** eya ekhanseleni ukhononde ngale ndawo evuliwe.

[20]

UMBUZO 6 INKOMBANDLELA

Bhala ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.



Umngani wakho okuvakashele uhlala ehhotela. Udinga ukuyokhipha imali ukuze athenge izicathulo nencwadi anduba aye emakethe. Udinga ukuposela abazali bakhe incwadi bese ethengela ugogo wakhe imithi amhambisele esibhedlela. Emuva kwalokho udinga ukuyopholisa umzimba endaweni yokubhukuda.

Bhala inkombandlela umchazele indlela okumele ahambe ngayo usebenzise umdwebo owunikeziwe njengoba engajwayele kule ndawo.

[20]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke ayi-100

IEB Copyright © 2020